

# **IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni**

19/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Judika, ngomhla ka 22. 03. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana + noMoya oNgcwele.

**Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuMath. 20:28, lithi: "Njengalokhu iNdodana yomuntu ingezelanga ukukhonzwa, kepha ukukhonza nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi."**

1. Iculo 86/76

2. **Umkhuleko:** "Ngahlulele, Nkulunkulu, ungimele endabeni yami esizweni esingenamusa, ngikhulule kumuntu wenkohliso nongenakulunga. Ngokuba wena Nkulunkulu uyisiphephelo sami; ungilahleleni na? Ngihambelani ngilila, ngicindezelwe yisitha, na? Thuma ukukhanya kwakho neqiniso lakho, kungihle, kungiyise entabeni yakho engcwele nasezindlini zakho, ngize ngifike kulo ialtare likaNkulunkulu. KuNkulunkulu wenjabulo yokwethaba kwami, ngikudumise ngahabhu, Nkkulunkulu, uNkulunkulu wami," AmaH. 43:1-4. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuGen. 22:1-13;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kumaHeberu 5:7-9;

Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJohane 11:47-53.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 95/87

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 10:35-45, lithi: "Kwase kusondela kuye oJakobe noJohane amadodana kaZebedewu, bathi kuye: Mfundisi, siyathanda ukuba usenzele lokhu esizakukucela kuwe. Wathi kubo: Nifuna ukuba nginenzeleni na? Bathi kuye: Siphe ukuba sihlale, omunye ngakwesokunene sakho, omunye ngakwesokhohlo sakho enkazimulweni yakho. Kepha uJesu wathi kubo: Anikwazi enikucelayo. Ningasiphuza yini isitsha engisiphuza mina, nibhathizwe ngombhathizo engibhathizwa ngawo na? Bathi kuye singakwenza. UJesu wathi kubo: Isitsha engisiphuza mina niyakusiphuza, nibhathizwe ngombhathizo

engibhathizwa ngawo mina; kepha ukuhlala ngakwesokunene sami nangakwesokhohlo akusikho okwami ukuphana ngakho, kodwa kungokwalabo abakulungiselweyo. Bathi ukuzwa lokho abayishumi, baqala ukuthukuthelela oJakobe noJohane. UJesu wayesebabiza, wathi kubo: Niyazi ukuthi abathiwa babusa izizwe bazenza amakhosi phezu kwazo, nezikhulu zazo ziphethe amandla phezu kwazo. Kepha akunjalo phakathi kwenu, kodwa yilowo nalowo ofuna ukuba-mkhulu phakathi kwenu makabe-yisikhonzi senu, nalowo ofuna ukuba-ngowokuqala phakathi kwenu makabe-yinceku yabo bonke. Ngokuba nayo iNdodana yomuntu ayizelanga ukukhonzwa, kepha ukukhonza nokunikela ukuphila kwayo, kube-yisihlengo sabaningi." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elihle eNkosini yethu uJesu Kristu, isonto lanamuhla lithiwa Judika, okusho ukuthi: Ngahlulele. Yebo uNkulunkulu unguMahluleli omkhulu. Thetha indaba yami Nkosi. Siyayiqonda yini indaba ngokuhlupheka kukaJesu, na? Siyayiqonda yini indaba ngokufa kukaJesu, na? Kodwa abafundi abayiqondanga, abayizwisisanga. Kodwa futhi yayinzima enhliziyweni kaJesu, abafundi babecabanga okunye. Kunjalo nakithi namhla, izinhliziyo zethu silukhuni.

Kwasondela, bandla, oJakobe noJohane bacela abakucelayo kuyo iNkosi. UJesu wababuza, wathi: "Nicela ukuba nginenzeleni na?" Bona bacela izihlalo ezimbili zokuhlaliswa enkazimulweni kaJesu, bathi kuye: "Siphe ukuba sihlale, omunye ngakwesokunene sakho, omunye ngakwesokhohlo sakho enkazimulweni yakho." Ake siqaphele, bazalwane bami ukuthi uMathewu ubika ngalamadoda amabili ukuthi acelwa ngunina, mhla besendleleni beya eJerusalema, wabacelela ukuba abaphe ukuhlala kanye naye uJesu enkazimulweni yakhe. UJesu Kristu, iNkosi yethu, wasilahla isicelo soJakobe noJohane okwakungamadodana kaZakewu, wathi: Anikwazi enikucelayo. Zingahlalwa izicelo zethu, uma sizocela into esizokwahluleka ukuyithwala, kanye nokufeza umgomo wayo. Singavuma, uma sikuzwa ukuthi sizophumelela ukufeza lokhu nalokhu, Kulula ukuvuma ngomlomo walamadoda awawuqondanga umbuso kaJesu ukuthi uyini futhi, abayzi inkazimulo yawo. Bona bazifunela okuhle ababanakile abanye abafundi. "Ningasiphuza yini isitsha engisiphuzayo?" Ukuhlupheka okukhulu aya kukho, singakufanisa nento emuncu nebabayo. Bakwethu eNkosini, umuntu angabuza ukuthi isitsha nomhaphathiso kusho ukuthini? Lamazwi-ke amabili achaza ukuhlupheka kukaKristu. Futhi uJesu waqinisa ukuthi nabafundi bakhe bazohlupheka ngenxa yakhe, babe abafelakholo. Ayiphelanga iminyaka eminingi, kwase kwenzeka ukuba kube khona abafayo ngenxa kaKristu. UJakobe wasophuza isitsha sosizi, mhla ebulawa nguHerode, njengalokhu kulotshiwe ezEnzweni zabaphostoli 12:2. Kwagcwaliseka amazwi kaJesu, Futhi uJohane kuso isAmb. 1:9 uthi

wayesesiqhingini iPhatmose ngenxa yezwi likaNkulunkulu nangenxa yobufakazi bukaJesu. Sifanele ukuzithoba phansi kwentando kaNkulunkulu, size samukeliswe lokho esikulungiselwe nguNkulunkulu.

Bandla leNkosi yethu, uJesu Kristu, intukuthelo ayisebenzi ukulunga kaNkulunkulu. Abafundi bathukuthelela oJakobe noJohane. Ngokwenzenjalo, nabo babonakalisa ukuthi abakwazi abakwenzayo. Isono sokuziphakamisa sidala umona nenzondo. Futhi kuphela umoya wokuzwana nokuthandana ebantwini. Kunjalo nanamhla abaziphakamisayo asibathandi, siyabazonda. Kuhle ukuzithoba, singaziphakamisi. Sizithobe njalo phansi kwentando kaNkulunkulu. Nguye uNkulunkulu ophakamisa labo abazithoba phansi kwentando yakhe. Yebo, uJesu wazithoba elalela kwaze kabasekufeni. Yebo, ekufeni lwakhe esiphambanweni. Ekugcineni uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu emnika igama eliphezu kwamagama onke. Masingangenwa ngumoya wezwe, lomoya wasezweni ungena emabandleni kalula nje, kakhulu ezikhathini zanamhla makungabi njalo phakathi kwethu, ngoba thina singabaKristu osithengile ngegazi lakhe elingcwele esiphambanweni. KwabakaKristu kubonakala, ngokuba owokuqala abe yinceku yabo bonke. Okhonzayo mkhulu kunalowo amkhonzayo. Ake sibone nokunye kokuthi: Oziphakamisayo uyonela ukuma kwakhe ebandleni likaKristu, ngokuba uNkulunkulu umelana nabo bonke abanjalo, ngokuba uNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha abathobekileyo ubapha umusa, zithobeni phansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla, ukuze aniphakamise ngesikhathi esifaneleyo, njengalokhu kulotshiwe ku 1 Pet. 5:5-6.

Bandla elihle, ake sibone nokuthi umsebenzi kaJesu ungukukhonzwa. Lokhu kukhomba isisusa sokufika kwakhe emhlabeni, uthi: "Angizelanga ukubiza abalungileyo, kodwa izoni." Futhi akazelanga ukukhonzwa, kodwa ukunikela ukuphila kwakhe kube isihlengo sabaningi, enguMalusi omuhle odela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu, wathi: "Akakho ongamuka ukuphila kwami, kodwa ngikudela ngokwami." Ukufa kukaJesu kuzobahluwulela abaningi kubathenge bebengabake. Ukukhonzwa kwakhe kuzogcwaliswa ngokufa kwakhe, afele bonke, okuchaza ukufa esikhundleni sabantu bonke. "Ngokwazi kwayo inceku yami elungileyo, iyakulungisela abaningi ukulunga ngokuthwala izono zabo," Isaya 53:11. UJesu wanikela ngokuphila kwakhe, ukuze amele bantu bonke, ukuba abahlenge nogkufa kwakhe, nokuba abantu bonke bae ngabakhe. UJesu wafika ukugcwalisa umsebenzi weNceku kaNkulunkulu ethenjisiwe kuIsaya 52:13 - 53:12. Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe ngokuthula, nangemivimbo

yayo siphilisiwe thina.” Ngalawomazwi uMsindisi wethu uyanqonqotha ezinhlizweni zethu ukuba simamukele, sikholwe nguye, sethembe ngokwempela esikulungiselwe nguye ukuba sithethelelwe izono zethu zonke nokwamukelwa ekuphileni okuphakade. Yikho esikulungiselwe ngokukhonzwa nguye, enguye ozibopha ngezwi lakhe lesithembiso sokuthi embhaphathizweni siyathethelelwa izono, nokwabelwa insindiso engapheliyo, nasesibikweni sithethelelwa izono egameni likaNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oNgcwele, nasesidlweni sakhe siyamukeliswa umzimba wakhe negazi lakhe elithululelwe kube ngukuthethelelwa izono. Uyatanda kakhulu ukuba sujwayele ukusondela njalo kulo ialetare lakhe ukwamukela zonke lezizipho zakhe.

Ayikho enye into eyayithandwa nguMsindisi wethu ngaphandle kokukhonzwa nguye. Ekuhambeni kwakhe konke wazinikela ehlose ukusiza bonke abantu. UJesu wakhuluma lamazwi esendleleni eqonde eJerusalema. Ake sicabange ukungena kukho ukufa okwesakhayo. Wazinikele abantu, ukuze abakhulule emthwaleni abayithwele nakuzo izibopho ezibabophile. Ngakho wakhonza, wachitha igazi lakhe kwaze kwabasekufeni. UJesu unikele ukuphila kwakhe, kube isihlengo sabaningi. Wafa enguMhlawuleli, into thina esingeke sayenza. Akukho muntu ongabangumhlawuleli wofowabo. Amen.

9. **Umkhuleko:** “Yini ukuba udangale, mphefumulo wami, uyaluze phakathi kwami, na? Methembe uNkulunkulu, ngokuba ngisezakumdumisa yena oyinsindiso yobuso bami noNkulunkulu wami,” AmaH. 43:5. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 90/82

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-E. Mkhabela.

Ukucindezelwa nokuthunyw kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.